


I-TB HealthCheck – Indlela yokuzihlola ngokwakho iSifo Sofuba (i-TB) usebenzisa uWhatsapp kanye ne-USSD

I-TB HealthCheck niyethulelwa nguMnyango Wezempilo kaZwelonke futhi iluhlelokusebenza oluphephile noluyimfihlo oluthola kumakhalekhukhwini wakho ngenhloso yokwelekelela ekunciphiseni ukusabalala kwe-TB. Wena nomndeni wakho ningabamba iqhaza ngokuba nizihlola ngokusebenzisa i-TB HealthCheck namuhla.



Uma usebenzisa u-Whatsapp (Kudingeka ube ne-inthanethi noma i-data)

- 1 Thumela igama elithi 'TBcheck' ku-0600 123456 ngo-Whatsapp
- 2 Landela imiyalelo evelayo ukugcwalisa ifomu le- TB HealthCheck.
- 3 Uma usuyiphendule yonke imibuzo ye-TB HealthCheck, uzobe usuthunyelelwa umhlahlandlela ozokutshela ukuthi kumele wenzeni okulandelayo, kuye ngezinga lobungozi okubona.



Uma usebenzisa i-USSD (Kumahhala kubo wonke amanethwekhi omakhalekhukhwini baseNingizimu Afrika)

- 1 Shaya u-*134*832*5#
- 2 Phendula ngokwakho imibuzo ebuziwe.
- 3 Uma usuyiphendule yonke imibuzo ye-TB HealthCheck, uzobe usuthunyelelwa umhlahlandlela ozokutshela ukuthi kumele wenzeni okulandelayo, kuye ngezinga lobungozi okubona.



Uma usebenzisa i-QR Code Kudingeka ube ne-inthanethi noma i-data

- 1 Sebenzisa ikhamera yakho ukuskena i-QR code
- 2 Landela imiyalelo evelayo ukugcwalisa ifomu le-TB HealthCheck ku-Whatsapp.

